Incwadi iSiyakhula Discipleship yenzelwe ukugqugquzela ukukhula ngokomoya kwabantu kanye nezixuku, ekuxhumaneni kwabo neNkosi. Iqukethe iziqephu ezine zamasonto ayisithupha, loluchungechunge lwe Discipleship luqondisa abazimbandakanyayo endleleni yenguquko, kusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Amasonto ayisithupha okuqala agxile ezintweni eziyisisekelo, kulandele ukuzithola ngofuzo kuKhristu uJesu emasontweni ayisithupha. Isiqephu sesithathu esidonsa amasonto ayisithupha sibheke ekwenzeni kabusha uhambo siveza isimo senhliziyo nalokho okubaluleke kakhulu, ekubeni isiqephu sokugcina naso esidonsa amasonto ayisithupha sigxile kwabanye kanye nomsebenzi.

**Isebenza kanjani incwadi iSiyakhula Discipleship?**

Cabanga ngabalimi abakhulisa izitshalo. Banendlela elula yokuqinisekisa isivuno esihle. Okokuqala, benza umhlabathi ukulungele ukulinywa. Bese betshala imbewu emhlabathini olungisiwe. Emva kwalokho bayanisela, ngokunakekela, imbewu iyaqhuma ibe yisitshalo. Ekugcineni, emva kokunakekela izitshalo, kubakhona isivuno!

Ngendlela efanayo, kunesu elilula labantu abakholelwayo kuNkulunkulu. Uma silangazelela ubudlelwane obujulile futhi obuqinile noNkulunkulu, kumele silandele yona lendlela yezitshalo. Okokuqala, kufanele silungise izinhliziyo zethu, njengoba kwenza abalimi belungisa umhlabathi. Sikwenza lokhu ngokufunda ngezimfundiso zikaNkulunkulu, okufana nokutshala imbewu ezinhliziyweni zethu. Bese, sizindla futhi sikuqonde lokho akushilo uNkulunkulu. Kufana nokunisela imbewu. Ekugcineni, kumele siphile impilo yethu ngendlela ebonisa izinto ezinhle esizifunde kuNkulunkulu. Yindlela esithola ngayo "isivuno" sokufana noKhristu ezimpilweni zethu. Kufana nokunakekela izitshalo ukuze kutholakale isivuno esihle. Ngokulungisa izinhliziyo zethu, sifunde kuNkulunkulu bese siphila lokho esikufundileyo, singaba ne "sivuno" esihle ezimpilweni zethu.

Isikhawu ngasinye sinalezizingxenye ezine ezilandeleka kalula. Ukulima, ukutshala, ukunisela kanye nokuvuna.

# UKULIMA



Ingxenye eyisingeniso yalesisiqephu yenzelwe ukuthi abantu bazizwe bekhululekile futhi isize ekutheni bazimbandakanye ngokukhululeka. Imibuzo elula isiza ekwenzeni izinto zihambe kahle, futhi yenzelwe ukuze wonke umuntu azizwe ekhululekile. Lena yindlela elula nenobungani yokuqalisa, uma kusendlalelwa isihloko okuzokhulunywa ngaso. Gqugquzela abantu ukuthi bazimbandakanye ngaphandle kwengcindezi.



## UKUTSHALA

Engxenyeni yesibili yalesisiqephu, sitshala imbewu yezwi lika Nkulunkulu ngokufunda ndawonye umbhalo.  Kungakuhle ukuthi umuntu ngamunye esixukwini afunde ivesi uma efisa, agqugquzele nabanye ukuthi babeyingxenye.

## UKUNISELA



Ngesikhathi sokunisela kunemibuzo okumele kuxoxiswane ngayo esixukwini, sigqugqumezelwe ukujula ngalokho okufundwe eBhayibhelini.  Lemibuzo ayinzima kodwa ikhandelwe ukugqugquzela abantu ukuthi bazindle futhi bacabange ngalokho uNkulunkulu engabe ekukhuluma kubo ngezwi lakhe.

## UKUVUNA



Engxenyeni yokuvala lesisiqephu sokuvuna, sigqugquzela ukuthi okukhulunywe ngakho kube ngokomuntu ngamunye ngokuthi anikwe ithuba lokukusebenzisa.  Nakuba ingekho ingcindezi yokwabelana ngalokho umuntu akucabangayo noma ngendlela azizwa ngayo, kodwa kuvulelekile ukuthi abathandayo bakwenze lokho.  Lesisikhathi sibucayi njengoba abantu beveza lokho uNkulunkulu akukhulumile nabo futhi bebheka umthelela wakho ohambeni lwabo naye.

Lokhu Okuqukethwe kulencwadi kuthathelwe emibuzweni eseBhayibhelini iSerendipity.[1]

[1] Coleman, Lyman, ed. *Serendipity Bible: For Personal and Small Group Study*. Revised & Enlarged edition. Grand Rapids, MI: Littleton, CO: Zondervan, 1996.

## Isonto 1: Izimo zenhliziyo (1 Samuweli 16:1-13)

# UKULIMA

1. Wake wacabanga ngento ethile noma wahlulela omunye ngendlela othe uma uqala ukuhlangana naye wambona ngakhona, okwathi kamuva kwavela ukuthi kwakungekhona okulindele?
2. Uma wawulungiselela ukuya kwinhlolo-khono yomsebenzi, yini owawungayenza ukuze ubukeke umuhle? Ungazikhandlela inhlolo-khono? Kungani?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku ku 1 Samuweli 16:1-13, Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yini edumaze uSamuweli? Kungani uNkulunkulu emlungisa?
2. Kwakungani uNkulunkulu alahla uSawule wakhetha uDavide (bheka 1 Samuweli 15:11)? Yini ocabanga ukuthi ingumehluko phakathi kwabo?
3. USamuweli wayesaba ukuya eBetlehema, kukutshelani lokho ngoSawule?
4. Yini ocabanga ukuthi isemqoka kubantu ngokuzingcwelisela indumiso? (v5) Lokhu kunamuphi umthelela kithi?
5. Kungani uSawule ayecabanga ekuqaleni ukuthi u-Eliyabe wayengokhethiweyo? Uqhathaniseka kanjani u-Eliyabe kuSawule? (Bheka 10:23-24)?
6. Yini eyayilindelwe uSamuweli koyinkosi? Yini eyayilindelwe nguNkulunkulu koyinkosi (v6,7)
7. Ukuba wawuyingxenye yomndeni kaDavide, wawungazizwa kanjani ngokuthi bakhethe uDavide kunawe? Yiziphi ezinye izikhathi lapho ocabanga khona ukuthi uNkulunkulu akalandelanga usiko ngokukhetha owayemthanda ukuze kufezeke izithembiso zakhe?

# UKUVUNA

1. Ukubukeka kwethu kwangaphandle akubonisi kahle lokho okwenzeka ngaphakathi kithi (isb. ngokomoya). Ngabe ukubukeka kwakho kwangaphandle kubonisa ngokweqiniso okwenzeka enhliziweni yakho njengamanje?
2. Yini le uNkulunkulu akucela ukuthi uyenze noma ngabe abanye abavumelani nayo?
3. UNkulunkulu ufuna abantu abazinikele kuye (2 Izikronike 16:9). Yini ayibonayo enhlizweni yakho njengamanje?

## Isonto 2: Unembeza Omsulwa (1 KwabaseKorinte 10:23-11:1)

# UKULIMA

1. Ngabe wakhulela emndenini ongenamithetho, noma wawunesandla esiqinile kodwa futhi uthethelela? Unganikeza isibonelo salokho?
2. Kumphathi wakho (noma umzali), ukuthola kunzima yini ukucela imvume ngaphambi kwesikhathi noma ukucela uxolo kamuva uma izinto zingahambanga kahle? Ungasisho isibonelo?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kwabase 1 Korinte 10:23-11:1, Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Uvesi 24 usitshela ukuthi sizithathe kanjani izinqumo?
2. Ucabanga ukuthi uchazani uPawulu uma ethi "ngenxa kanembeza" (v25)?
3. Yini into ehamba phambili futhi egqugqquzela konke esikwenzayo njengamakholwa ngokwevesi 31?
4. Ucabanga ukuthi usho ukuthini uPawulu uma ethi 'ngingafuni okungisiza mina' (v33)? Kwakuyisiphi isizathu sikaPawulu sokusho kanjalo?
5. Ucabanga ukuthi kungani uPawulu etshela ibandla ukuba lilingise yena njengoba engoka Khristu? Kuyosisiza ngani lokhu uma sithatha izinqumo?

# UKUVUNA

1. Uma kuthathwa izinqumo lapho khona kungacaci ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile, yini eyakusiza kakhulu?
2. Uma sicabanga ngenhlalakahle yabanye, sibona kanjani ukuthi izinqumo zethu zizobakha noma zizobalimaza abaseduze nathi?
3. Singawugqugquzela kanjani unembeza ohambelana nentando kaNkulunkulu?

## Isonto 3: Umqondo-Munye (1 Amakhosi 18:16-40)

# UKULIMA

1. Wake walimala ngesikhathi udlala ngomlilo? Kwenzeka kanjani?
2. Ukuba ubungumuntu obhejayo, yiliphi iqembu lebhola lezinyawo/lombhoxo/umsubathi wama *Olympic* obungathi uzodla umhlanganiso? Kungani?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku 1 Amakhosi 18:16-40. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Kungani inkosi u-Ahabi ayesola u-Eliya ngokudala inkinga kwa-Israyeli? Uzithethelela kanjani u-Eliya?
2. Kungani ucabanga ukuthi abantu babengamphenduli u-Eliya (v.21)?
3. Kwakungani u-Eliya wadedela abaphrofethi bakaBali ukuthi benze kuqala?
4. Ngabe lempi eyezinkolelo, eyemicabango noma eyamandla? Axhumana kanjani amandla nezinkolelo?
5. Uma ubheka ukuthi kwakubhoke isomiso, ucabanga ukuthi kungani u-Eliya asebenzisa amanzi angaka waze wagcwalisa nemisele? Wawachitha njengomnikelo, lokhu kusitshelani ngendlela yokunikela kwakhe kuNkulunkulu?
6. Ngabe kwasekudlulele yini ukuthi bonke amapristi bakaBali babulawe? Kungani ubona kanjalo noma ungaboni kanjalo?
7. Ngabe abantu bayiguqula ngokushesha imiqondo yabo, belandele lowo owenza izinto ezibachazayo? Noma bathembekile, bafuna ukukhonza uNkulunkulu weqiniso? Ucabangani?
8. Kungani u-Eliya atshela inkosi u-Ahabe ukuthi idle futhi iphuze, kodwa watshela inceku yakhe ukuthi iqhubeke nokuqapha? Babecabangani futhi bezizwa kanjani?

# UKUVUNA

1. Uzifanisa nobani kulendaba? Ngabe ufana no Eliya (olandela uNkulunkulu ngomqondo owodwa), u-Ahabi (ulandela elakho icebo) noma ufana nabantu (awuzazi nawe)?
2. Ngabe awunasiqiniseko uma kukhulunywa ngokulandela icebo likaNkulunkulu? Yini engakusiza uthathe izinqumo?
3. Ngabe ukuzinikela kwakho kuNkulunkulu kukuholela ezimweni ezinzima? Yiziphi izinselelo obhekana nazo?
4. Ngabe abathandabuzayo namuhla badinga izimpikiswano ezinengqondo, izicelo zokuzwelwa, noma izimangaliso ukuze bakholwe? Yikuphi okwakunika isiqinisekiso ngobuKhristu?

## Isonto 4: Ukuthatha izinqumo (Daniyeli 1)

# UKULIMA

1. Uthini umlando ngegama owalinikezwal ngabazali bakho?
2. Ngabe akhona amagama azidlaliso obuwathola? Akhona owathole ekhaya, esikoleni, esikhungweni semfundo ephakeme noma emsebenzini?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku kuDaniyeli 1. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Ayekhethwa futhi eqeqeshwa kanjani lama Israyeli ukwenza umsebenzi wenkosi okhethekile? Yazama kanjani inkosi ukulawula imiqondo, imizimba nokuthembeka kwabo?
2. Kungani inkosi ibanika amagama amasha, futhi ibafundisa izincwadi nolimi lwabaseBabele?
3. Yini acabanga ukuyenza uDavide (v.8)?
4. Kwakungani uDavide anqaba ukuhambisana namasu enkosi yesinye isizwe? Ukhuluma nobani uDaniyela futhi kungani acela ukuxolelwa ekwenzeni imithetho yalenkosi?
5. Kungani uDaniyela aphumelela ekulingweni kwakhe kokuqala?
6. Ukhombisa kanjani uDaniyela ukuthi uthembeke ngeqiniso kuNkulunkulu? Nakubangani bakhe abathathu?

# UKUVUNA

1. Yini efanayo engakhethwa nguDaniyela phakathi kwendlela kaNkulunkulu nokudla okumnandi kwasezweni? Yini esemqoka ngalokukhetha kuwe?
2. Ngabe kukhona yini emndenini, emsebenzini noma osikweni okuphambene nendlela uNkulunkulu enza ngayo izinto?
3. Uma ukuthembeka kwakho kulingwa, njengokukaDaniyeli, ucabanga ukuthi yini ongayenza?
4. Ukuze umhloniphe uNkulunkulu, yini okumele uyikhethe (v.8)? Yini okumele uyeke ukuyenza? Yini okumele uqalise ukuyenza?

## Isonto 5: Izinto ezibekwa phambili (NgokukaMathewu 6:24-34)

# UKULIMA

1. Ngesikhathi usakhula, ngabe abazali babezithanda yini izimpahla zakho? Ngabe babecabanga ukuthi azisile, ziveza umzimba ngokweqile, noma zigugile?
2. Yini abakhathazeka ngayo manje?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku ngokukaMathewu 6:24-34. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Yini enzima ngokuba nabaphathi ababili? (v.24)
2. Ucabanga ukuthi abantu bayikhonze kangakanani imali kulezinsuku kunokukhonza uNkulunkulu?
3. Ucabanga ukuthi kungani uJesu egcizelela ekutheni singakhathazeki?
4. Yini uJesu ayikhethayo kunokubekelela ingcebo, ukukhathazeka ngempilo yakho, noma ukukhonza imali?
5. Ingcebo ixhumene kanjani nenhliziyo yakho? Yona ke imali ixhumene kanjani nalowo omkhonza ngempela? Izinto ozithandayo, lowo omkhonzayo nalokho okubhekile kunamuphi umthelela endleleni ophila ngayo?
6. Yini ongayifunda endleleni uNkulunkulu anakekela ngayo izinyoni nezimbali? Kungenaphi ukusebenza kanzima la? Ukuthemba uNkulunkulu ke khona?

# UKUVUNA

1. Yini le abantu abachitha kuyo imali yabo nokuthi indlela abasebenzisa ngayo isikhathi sabo ibonisa kaningi ukuthi yini ebalulekile kubo. Ngabe indlela osebenzisa ngayo imali nesikhathi ibonisa ukuthi yini ebalulekile kuwe?

2. Cabanga ngezinto eziza kuqala ngesonto ngalinye. Ngabe ugxile kakhulu ezintweni zasezweni noma izintweni zasezulwini? Yini ongayenza ukuguqula lapho ochitha khona isikhathi namandla akho? Ngubani ophuma phambili kamuva nje? Kungani?
3. Kungani kufanele uthandaze kunokuthi ukhathazeke? Yini ekukhathaza kakhulu? Yiziphi izimpawu ezibonisa ukuthi ukhathazeka kakhulu?
4. Yini ongayenza ukuze uyeke ukukhathazeka bese ubhekana nalokho okusemqoka?

## Isonto 6: Isisekelo Esiqinile (2 kuThimothewu 3:10-4:8)

# UKULIMA

1. Ngumuphi *uthisha* ohamba phambili owake wakufundisa? Yini owawuyithanda ngaye? Uzame kanjani ukuthi ufane naye?
2. Ngabe izikhathi ezinzima zibe namuphi umthelela kuwe?

# UKUTSHALA

Fundani niyisixuku ku 2 Thimothewu 3:104:8. Mema umuntu ngamunye ukuba afunde ivesi elilodwa ukuze akhuthaze wonke umuntu ukuba abambe iqhaza.

# UKUNISELA

1. Kungani uPawulu ekhuluma ngokuziphatha kwakhe kanye nezikhathi ezinzima adlule kuzo? Kwenzakalani "kubantu ababi"? Kungani?
2. Ngabe ukuba umuntu olungileyo kuholela ekutheni uphathwe kabi? Kungani, noma Kungani kungenjalo?
3. Uthini uPawulu ngemvelaphi yeBhayibheli nokuthi kungani kubalulekile ku Thimothewu?
4. Yini emlingayo uThimothewu ekutheni atshele abantu lokho abafuna ukukuzwa kunokubatshela lokho okufanele bakuzwe? Yini okufanele ayenze uThimothewu? Kungani?
5. Yiziphi izizathu ezinikwa uPawulu ngokwenza umsebenzi onzima?
6. Izwe lizama nsuku zonke ukusisunduzela nxazonke, yini uPawulu ayitshela uThimothewu ukuthi ayenze (v.5)?
7. Yini abekelwe yona uPawulu ngokumelana nobunzima? (v.8)

# UKUVUNA

1. Yiziphi izinkinga obhekana nazo uma uzama ukuphila impilo enobuNkulunkulu? Sikusiza ngani isibonelo sika Pawulu nesaluleko sakhe ezimweni ezinjalo?
2. Yimiphi lemibono engelona iqiniso ngoJesu ekholwa ngabantu kulezinsuku? Ungabalungisa kanjani?
3. Njengoba iBhayibheli libalulekile kuma Khristu, ungalenza kanjani ukuthi libe yingxenye enkulu yempilo yakho?